**/Ivaliwe ize ikhulunywe/**

# UKUVULWA NGOKOMTHETHO KWEHHOLO LOMPHAKATHI I-NOMAKHANZANA

**Inkulumo ka**
**Mhlonishwa MB Gwala, MPP**
**uNgqongqoshe Wezemisebenzi: KwaZulu-Natali**

**Emzumbe** **06 Novemba 2005**

Mangiqale ngokubongela umphakathi walapha ngokukhetha kahle kwawo abantu abawumele emkhandlwini wokuphathwa kwezindaba zawo. Isiqubulo somkhandlu wenu siyixoxa siyiqede indaba ngombono loMkhandlu onawo ngani bantu balapha Emzumbe. Isiqubulo sithi “Building the Future” okusho ukuthi “Sakha ikusasa”. Lokho kukodwa kungitshela ukuthi owenu uMkhandlu uyazihlupha ngengomuso labantabenu. Lokho kunikeza ithemba.

Ngiqala ngokuncoma uMkhandlu kaMasipala waseMzumbe nje, ngenziwa ukubona indlela okusheshe ngayo yonke into ukwenziwa. Ngizwile ukuthi umphakathi wacela ukuba kwakhiwe lelihholo ngonyaka owedlule. Umkhandlu wasemukela isicelo futhi yaphuma nenkece yokwenza lomsebenzi nokuthe emuva konyaka owodwa wase uphelile njengoba sonke sibona. Futhi uMkhandlu walapha besingakezwa emaphephandabeni sekubikwa ngokunyamalala kwezimali zomphakathi kodwa umsebenzi ube ungenziwe.

Ngiyathokoza futhi ukuthi kulo mcimbi kube khona Inkosi BN Luthuli. Kulabo abangakaphelelwa wukuba ngama Afrika emizweni yabo, ukubakhona kwamakhosi ethu emikhosini emihle njengalona kusho

ukubusiseka kwalowo msebenzi okuhlangenwe ngawo. Siyathokoza kakhulu. Thina eQenjini lethu siyakholelwa kakhulu ekuhlonishweni nasekuvikelweni kwesithunzi samakhosi ethu. Ngineqiniso lokuthi ukube asisukumanga njengeQembu sakuzwakalisa ukungeneliseki kwethu ngodaba lwamakhosi, ngabe asisezwa kushiwo lutho ngawo.

Phela abantwana bethu uma sebesezindaweni zemfundo ephakeme baye bagxishwe yonke imimoya yezikhova lena ngemvelaphi nomlando wethu. Enye yalezo zimfundisoze eyokuthi amakhosi ethu amelene nentuthuko yomphakathi. Kepha mina ngize ngibe ngaka nje angikaze ngihlangabezane nesimo lapho khona kuthiwa kunohlelo lwentuthuko olwamiswa lwaphetha ngokuyekwa unomphelo ngoba kwenqaba Inkosi ethile ukuba lwenziwe.

Ngaqala ukubheka mina ngitshelwa ukuthi iNyuvesi yaKwaZulu yakhiwa Isilo uBhekuzulu ka Solomon ebambisene namakhosi. Umkhulu nje wakhipha inkomo esibayeni ukuze acoshe opondo abahlanu ukuze anikele Ongoye kwakhiwe lesi sikole esibizwa nge UNIZUL namahlanje. Lendawo yanikelwa Inkosi yakwaMkhwanazi kwakhiwa-ke lesi sithababthaba esikhona.

Ngithi mangiphawule ngalokhu ngoba nani bantu balapha ningofakazi ukuthi ukuze kwakhiwe lesi sakhiwo esivulwayo ngokomthetho namuhla, Inkosi yaseMathulini ihlangene nesigungu sayo yanikela ngendawo ngakho ngoba ikuthakasela lokho okufunwa ngabantu balendawo. Mina ngithi masiqaphele ukuthi abantwana baxoxelwe yithi okuylona qiniso ngezinto ezenzeka bengakabi khona bona

ukuze bangavumi ukwedukiswa yibo bonke ogalajana balapha emhlabeni.

Ngakho-ke ngithokoze kakhulu ukuba ningimeme ukuba ngizothakasa kanye nani ngomsebenzi oncomekayo eniwenzelwe uMkhandlu kaMasipala waseMzumbe. Kuningi okuyizinselele ezashiywa wubandlululo lweminyaka ngeminyaka abanikazi balo ababeziqinisekisa ngalo ukuthi umuntu ompisholo makungabi khona lutho asizakala ngakho okuyizimfanelo zenhlalo ephelelisiwe futhi enethezekile.

Phela ngokucabanga kwabo babebona singekho isidingo sokuthi umuntu ompisholo angaba nezinto ezifana namahholo omphakathi anjengaleli esilivula ngokomthetho namuhla, izindawo zezincwadi zokufunda (libraries), amachibi okubhukuda uma libalele, izinkundla zeminye imidlalo enhlobonhlobo, imigwaqo yokufinyelela ezindaweni esifisa ukuya kuzo, nokunye okuningi. Impela kukude lapho sivela khona futhi kusekude lapho siya khona.

Yingakho-ke nje lelo nalelo gxathu eliya phambili kwezentuthuko kumele silishayele ihlombe, sincome futhi sikhuthaze. Lokhu okwenzeka namuhla kuluphawu olubonakalayo lokusetshenziswa ngemfanelo kwezimali zomphakathi. Kusobala ukuthi kuningi loMkhandlu onganenzela khona ukube bewungaba nemali eningi kunaleyo owabelwe yona ngonyaka okwamanje.

Uma-ke ninoMkhandlu kaMasipala onisebenzela kahle kanjena, mina bengibona ningasafanele ukuba nidideke ukuthi kumele nivote kanjani okhethweni oluzayo lwemikhandlu yomasipala. Seniyabazi abantu neQembu eningalethemba. Akunjalo na?

Ngifisa ukuba ngikugcizelele lokhu ngoba siphila ezinsukwini ezinzima lapho kugqame khona ukusetshenziswa ngokungethembeki kwezintela zomphakathi. Lokhu kuthinta abantu abasemikhakheni eyahlukene yempilo, phakathi kwabo esingabala osomalunda kwezamabhizinisi, izisebenzi zakwahulumeni emazingeni ehlukene, ngisho nabaholi bezombusazwe imbala.

Ngiyethemba nike nizwe kukhulunywa ngalokho okwaziwa ngokuthi yi Travelgate? Nokho-ke ngiyaziqhenya mina ngokuthi amalungu amele iQembu leNkatha wona awabalwa kuleso senzo senkohlakalo. Yikho nje kumele sizingazinyezi ngeQembu lethu, nangabaholi balo kanye nalokho esikholelwa kukho njengeQembu. Konke kusobala.

Kufanele sikhumbuzane ngalokho uHulimeni asekwenze kwaba yinqubo esemthethweni lapho kuvela khona amathuba emisebenzi adalwa yizinhlelo zentuthuko, njengezakhiwo zokusiza umphakathi. Ngesikhathi kwakhiwa lesi sakhiwo sisakhumbula yini ukuthi bangaki abesifazane abebeqashiwe?

Ngaphandle kwalokho uhulumeni ubhekile futhi ukuthi ukukhishwa kwama tender okwakha sikwenza ngokwethembeka yini. Kufanele singasolwa ngokuthi ama tenders atholwa ngomntakabani kuphela.

Ngabesifazane nentsha abavunwa yisimo esithi mabacatshangelwe kuqala uma kuvela izinhlelo eziza nama tenders omsebenzi. Phela abantu besifazane bayakhuthazwa manje ukuba bayenze nenhlobo yemisebenzi kuqala ebiyaziwa ngokuthi ngeyabesilisa.

Kwezemfundo siyanxusa ukuthi abafundi abangamantombazane bazingenele izifundo ezithathwa ngokuthi ezabafana. Ngalezo zifundo ngiqonde i-maths ne sayensi. Lokhu kuzokwenza sikwazi ukuthola inani labafundi elanele elizofika emanyuvesi lingenele izifundo zobuchwepheshe kwezobunjiniyela.

Lenkinga ayiqali futhi igcine ngalokho kugwenywa kwalezi zifundo. Inkinga ibuye yenezelwe nawukuthi othisha abaqeqeshwe ngokwenele kuzo bayindlala. Kwedlule lapho kuye nasekuthini kwazikole azinazo izimfanelo njengama laboratory okufundisela abantwana bethu zona lezi zifundo.

Phela akufanele siyithathe kancane indaba yobandlululo ngoba sesafumana inkululeko kwezombusazwe. Ihamba ibanga elide kakhulu. Bheka nje manje ukuthi kwenzekani. Uhulumeni wamanje uzifumana ephoqekile ukumema ochwepheshe bakwamanye amazwe abaphetha ngokuthatha wona kanye lamathuba emisebenzi okumele ngabe acoshwa ngabantabethu.

Inkinga inkulu kangangoba mhlawumbe abanye bamuzwile uNgqongqoshe uNkk. GJ Fraser-Moleketi emsakazweni (ngolwesiNe lona lolu lomhla ka 3 Novemba 2005) ethi nabelungu balelizwe

asebathatha umhlalaphansi imbala sekucatshangwa ukuba babuyiswe bazosiza ukwethwasisa (mentoring) labo bafundi asebephothulile izifundo zabo kwezobunjiniyela.

Phela kwezobunjiniyela ulwazi lwencwadi lulodwa alwenele. Kubaluelkile ukufunda ngokwenza (internship) ngaphambi kokuba lowo ophasile akwazi ukuzimela njengonjiniyela. Umnyango wami wake wamema intsha ephasile emikhakheni yezobunjiniyela ikakhulu owe **civil engineering** kanye ne **architecture.** Iningi labo labe linama diploma angenele ukubenza babe ngama **professional engineers.** Lokho kwenza izikhala ezikhona eMnyangweni zingagcwaliseki ngisho namanje.

Engqungqutheleni yabakhi ebihlelwe uMnyango Wezemisebenzi nethathe izinsuku ezimbili mhla ka 31 Okthoba kuya ku mhla ka 1 Novemba 2005, kuvele ukuthi abadwebi abathathu besakhiwo lapho kusebenzela khona Inkantolo Yomthethosisekelo lena kwelase Goli, bangabalapha KwaZulu-Natali.

Laba badwebi baqokwa emuva kokuba bephumelele emncintiswaneni wabadwebi bamazwe ngamazwe. Omunye walaba badwebi ngowesifazane wase Thekwini ibizo lakhe okungu Ms Janina Masojada. Abanye ngu Mnu. Andrew Makin no Paul Wygers. Mina engikuthandayo lapha ukuthi batholana besafunda eNyuvesi yase Natal khona lapha eThekwini, baqeda lapho benza inkampani yabadwebi bamapulani. Isakhiwo seNkantolo Yomthethosisekelo kuthiwa ngesakwanokusho ngempela.

Yinselelo lena engiyiphonsa entsheni yakithi ekhona lapha namuhla. **Udaba** lokuthola izeluleko ezifanele ngokuthi umuntu ufuna ukufundelani (vocational guidance) **lubaluleke** kakhulu ngoba uma kwenzeke isinqumo esishaya eceleni kusasuka phansi, umuntu uphetha ngokuba angaveleli kulokho akwenzayo impilo yakhe yonke, yize noma elitholile ithuba lokuqhubeka nemfundo.

Mphathiwohlelo, ngivumele ngibeke kafushane ngalokho uMnyango engiwuphathisiwe okwenzayo emphakathini. Ekuqaleni uMnyango Wezemisebenzi ubungenazo izinhlelo eziwusa emphakathini ngqo, yize noma igama lawo lithi uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi. Kuqala Umnyango lona ububhekene kuphela nokubhekela eminye iminyango yakwahulumeni ngezidingo zezakhiwo zamahhovisi kanye nezindawo zokuhlala. Ngamanye amazwi lomnyango ungumasitende weminye iminyango yakwahulumeni. Lokho kusaqhubeka namanje.

Kuthe-ke ngo 1994 ngesikhathi izwe lingena enkululekweni yezombusazwe, kwabonakala ukuthi iminyaka emingi yobandlululo yashiya ezindaweni ezihlala abantu abampisholo kungenalutho olusiza umphakathi enhlalweni yemihla ngemihla (public amenities) kukho esingabala amahholo okuhlanganela nokwenzela imicimbi, ama libraries, amachibi okubhukuda, izinkundla zemidlalo enhlobonhlobo, nokunye. Imiphumela yokungabikhona kwezimfanelo ezinje iye ibonakale ngisho sekuqokwa iqembu lesizwe emidlalweni

yama Olympics ukuthi kuba ngabamhlophe abaningi ngoba kunemidlalo eminingi esingazi lutho ngayo thina abampisholo.

Uhulumeni wase uqala uhlelo olwalubizwa ngokuthi yi RDP (Reconstruction and Development Programme) okusho Uhlelo Lokuvuselela Nokwakha Kabusha. Lolo hlelo-ke lwaphathiswa uMnu. Jay Naidoo owayengu Ngqongqoshe Ongenamnyango kuhulumeni kaMengameli Mandela. Kuthe nxa sesiphela leso sikhundla kwase kuthathwa lolo hlelo lwe RDP lwafakwa ngaphansi koMnyango Wezemisebenzi lwase lubizwa ngokuthi yi National Public Works Programme.

Ngaphansi kwalo kwakukhona isigaba esaqhubeka kwaze kwaba ngonyaka owedlule esasibizwa ngokuthi yi Community Based Public Works Programme nokuyisona esaba nemisebenzi eyayenziwa emphakathini ngemali eyayivela kuloMnyango kodwa ezingeni likazwelonke iqondiswe koMasipala. Manje sekukhona yuhlelo olusatshalalisiwe olubizwa ngokuthi yi Expanded Public Wroks Programme (EPWP) oluzama kakhulu nokulwa nenkinga yokuphela kwamathuba emisebenzi.

Ezingeni leSifundazwe loMnyango unayo indlela yokufinyelela kubantu ngazo izinhlelo zentuthuko yokuvala igebe eladalwa wubandlululo njengoba sengichazile. Indlela-ke okwenzeka ngayo lokhu wukuthi uMnyango awuvele nje wemukele isicele sivela kumuntu ngayedwa kodwa kuye kudingeke ukuthi kube nesiqiniseko sokuthi uhlelo lwentuthuko oluhlongozwayo luyahambisana yini

nendlela uMasipala wendawo ohlele ngayo: lokho okubizwa ngokuthi yi Infrastructure Development Plan  IDP) yaleyo ndawo.

Phela izizathu zalokho zisobala.  Umnyango ezingeni leSifundazwe awukwazi ukuvele ugasele uzotshala izimali ungabonisananga neziphathimandla zendawo.  Ukwenze njalo singekho leso siqiniseko kungaholela ekuthini kwasakhiwo leso sigcine singasetshenziswa muntu (sibe yilokhu abathi ngolimi lwesiNgisi yi White Elephant) ngoba vele kungesona isidingo umphakathi osibikile ngomlomo kaMasipala.  Ngakho-ke leyo ncwadi ye IDP ibalulekile kakhulu ngoba ikhombisa ukuthi yisuke kunokuvumelana ngaleso sicelo. Yonke-ke imisebenzi yokwakha idinga iyafundelwa.

Entsheni yakithi ekhona lapha namuhla ngiyanxusa ukuthi ithuba elinikezwa ngabazali ilisebenzise ngokuzikhandla.  Mayikhumbule ukuthi ukuphasa komfundi kuqala unyaka usuka phansi ngo Januwari hhayi ngenyanga eyandulela ukuhlolwa kwamanqamu.  Phela ngaleso sikhathi nengqondo yisuke ingasakwazi ukumumatha wonke umsebenzi wonyaka lapho umfundi esuke esewuhlohla ngenkani usumningi, nesikhathi singasekho, sekuwubutatata nje.

Lokho kunengozi ngoba umqondo uyama nse angabe esakwazi ukuhlela kahle ulwazi alugcine ukuze akhumbule okubuzwayo ngesikhathi sokubhala, umfundi lowo aze athole imiphumela engaphansi kokuhlakanipha asuke enakho empeleni.  Abanye baze bagcine ngokuzibulalala, nokuwumkhuba omusha osuya ngokwanda, nosihluphayo thina njengabazali.  Angiqonde khona ukuba ngone

usuku lwenu lwentokozo kepha ngenza umsebenzi ongifanele njengomzali.

Mphathiwohlelo, ngivumele ngiphethe ngokuzwakalisa ukuthokoza kwami kuMkhandlu waseMzumbe kanye nomphakathi wonke okhona lapha namuhla ngokungimemema ukuzoba ngufakazi mhla kwethulwa ngokomthetho lelihholo. Impahla yomphakathi kumele siyihloniphe njengoba kwenza ezinye izizwe. Ukucekelwa phansi kwempahla yomphakathi wubuthakathaka obukhungethe indlu yakithi empisholo. Lento ibanga amahloni ngoba akukhathalekile ukuthi yisuke sisihle kangakanani isakhiwo esisuke sethulwa emphakathini ukuba usisebenzise, kuyothi kungakedluli ngisho unyaka wokuqala sethuliwe kodwa kube sekuqalile ukuba nezimpawu zokulinyazwa kwesakhiwo leso okungenasidingo.

Yisakhiwo senu lesi esenzelwe ukusiza nina mphakathi walapha njengoba nacela kuMasipala wenu ukuba anakhele. Niyobe niwunqinda amandla nomdlandla wokunisiza uma ningasilalelі lesi seluleko sami esisuka ekujuleni kwenhliziyo yami. Phela kudla imali ukulungisa umonakalo, imali okufanele ngabe inenzela okunye eningakabi nakho. Kukini ukuzikhethela.

Ngiyathokoza.